



social development

Department:  
Social Development  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



UKUVULA INKULISA NOMA INDAWO  
YOKUNAKEKELA YAKHO NGOKUPHEPHA,  
NGOKUZIBOPHEZELA NAKALULA.

# Umhlahlandlela osheshayo wokukwenza ngendlela eyiyo

Uma uqhuba inkulisa noma indawo yokunakekela abantwana, umnyango wezokuthuthukiswa komphakathi udinga ukuba ugcwalise i-fomu elizoqinisekisa ukuthi indawo yakho, isakhiwo, izinsiza kanye nezinqubo zansuku zonke kuyamelana nezinga lomnyango lezempilo nokuphepha mayelana neCOVID-19. Lomhlahlandlela uzokubonisa ukuthi yikuphi okumele ukwenze ukuze uphumelele.

## LOMHLAHLANDLELA OSHESHAYO UHLANGANISA OKUDINGEKAYO UKUZE:

### ***Imininingwane kanye nokuxhumana***

- Ulwazi lokulungiselela ukuvula
- Ukuxhumana okudingekayo ngaphimbi kokuvula
- Ulwazi olufunekayo uma usuvulile

### ***Ukulungiselela***

- Ububona bendawo noma isakhiwo sakho.
- Ukuhlanza
- Inhlanzeko

Isikhungo sokukhulisa (or uhlelo lokukhulisa) abantwana abancane lusho ukuhlinzekwa kwamathuba emfundo nokuthuthukisa abantwana, ukunakekela nsukuzonke nokuseka abantwana kusukela ekuzalweni kuya eminyakeni eyisithupha. Lokhu kungaphansi kokuhlizekwa umthetho owengamele abantwana futhi kuhlanganisa - izinkulisa; umbheki wabantwana; iqembu lokudlala; inkulisa ehambayo kanye nezinhlalo ezisekela abazali.

# ULWAZI LOKULUNGISELELA UKUVULA

## *Jikelele:*

- Kufanele uzithuthukisele izinqubo zenkulisa noma indawo yokunakekela yakho ukuze uqalise izinqubo ezijwayelekile zokusebenza zomnyango wezokuthuthukiswa komphakathi nemihlahlandlela mayelana neCOVID-19.
- Izinqubo zakho kufanele zicacise ushintsho noma izinguquko ezizodingeka ngezinqubo zansukuzonke endaweni yakho ukuze kugqugquzeleke izindlela zempilo, zokuphepha kanye nokuzihlukanisa ezidingwa umnyango.
  - Kufanele zihlanganise izinqubo nezimo zabazali mayelana nokubuyisa abantwana ohlelweni lwakho, ukuzobashiya kanye nokubalanda, ukuqinisekisa ukuthi kuyahlangabezana nezimfuneko nge COVID-19.



## **Okwezisebenzi:**

- Incazelo yoshintsho noma izinguquko zansuku-zonke ezizodingeka ngezinqubo zakho.


## **Okwabazali:**

- Kufanele kubhalwe incwadi ezolindela ukuthunyelwa kubazali ukubazisa ngalezinqubo nemibandela.

# UKUXHUMANA OKUDINGEKAYO NGAPHAMBI KOKUVULA


## Lokho okufanele abasebenzi bakwazi

- Bonke abasebenzi kufanele bathole ukuqeqeshwa ngezindlela okufanele zisetshenziswe ngaphambi kokuba noma iyiphi ingane ibuyele ohlelweni.
- Kufanele baziswe ngezinhlinzeko ezidingwa umnyango wezokuthuthukiswa komphakathi.
- Kufanele baziswe ngezinqubo zakho.
- Qhaphela: Abasebenzi abawela esigabeni sabasengozini enkulu kufanele bayalwe ukuba bangabuyi ngaphandle kwencwadi yadokotela.



## Okufanele kwaziwe abazali

- Kufanele uthumele incwadi kubobonke abazali ngezinqubo nemibandela yokubuyisela abantwana ohlelweni lwakho, kuhlenganisa nezinqubo zokuzobashiya nokubalanda.



# ULWAZI OLUDINGEKAYO UMA USUVULILE

### OKUDINGEKA KUHLALE KUBONAKALA:

- Izinqubo zohlelo lwakho kufanele zibhalwe futhi zichonywe ezindongeni zesakhiwo sakho.



### ULWAZI OKUFANELE LUTHOLAKALE:

- Imibuzo yokuhlolwa nsuku zonke kufanele kulungiselewe ukusetshenziswa mihla namalanga.



# UKULUNGISELELA ISAKHIWO SAKHO UKUZE UVULE NGOKUPHEPHILE


## Ukuziqhelelanisa:

- Isikhala endaweni yakho kufanele sivumelane nokukwazi ukuthi abantwana nabadala bakwazi ukuqhelelanga ngebanga eliyimitha elilodwa.
- Lokhu kudingeka nasezindaweni zokuthola amanzi, ukudla, ukugeza izandla nokusebenzisa izindlu zangasese.
- Uma inkulisa yakho inezigaba ezingaphezulu kwesisodwa, kufanele ube nohlelo lokudlala ngaphandle ukuqinisekisa ukuthi amaqembu/izigaba azihlangani.
- Uma isakhiwo noma ingxeye yaso kwabelwana ngayo (isibonelo: amaqembu azodlala / ikulisa engumahamba nendlwana), uhlelo lwakho kufanele lube nendawo ekhethekile engeke idlule noma ingene abanye abantu, izingane noma abadala.




## Ukushayisa ngomoya:

- Isakhiwo sakho kufanele sishaye umoya: amawindo nezicabha ezikwazi ukuvuleka futhi ekumele kuvulwe ukuze kushaye umoya.



## Ukuzihlukanisa:

- Isakhiwo sakho masibe nendawo yokuzihlukanisa yesikhashana ezobeka abafundi noma abasebenzi abatholakala benezimpawu okungenzeka zibe ezeCOVID-19.



## Usizo lokuqala:

- Isakhiwo sakho kufanele sibe nebhokisi losizo lokuqala, elinamagilavu enjoloba.




## OKUFANELE KUHLANZWE NGAPHAMBI KOKUVULA

- Idawo lapho uhlelo noma isakhiwo sikhona kufanele ihlanzwe kahle, ibulawe namagciwane ngokuhambisana nezidingo zeCOVID1-19.
  - Lokhu kusho nazozonke izinsiza zokufunda nokufundisa, kuhlenganisa namathoyizi, amathuluzi nezinto zokusebenza.



## OKUDINGA UKULUNGISWA UKUZE KUHLANZWE UMA USUVULILE

- Emnyango wesakhiwo, kudingeka kube nendawo ephephile yokugeza izandla ngensipho namanzi noma ukususa amagciwane.
- Izinyathelo zokuhlaza nokususa amagciwane nsuku zonke kufanele zibe khona, ngokuhambisana nezidingo zeCOVID1-19.
  - Lokhu kusho nazozonke izinsiza zokufunda nokufundisa, kuhlenganisa namathoyizi, amathuluzi nezinto zokusebenza.



# INHLANZEKO

## Izinqubo ezidingekayo:

- Ngaphambi kokuvula, kufanele kuthuthukiswe izinqubo zemikhuba yenhlanzeko, kuhlenganisa nokushintshwa kwamabuku, ukusetshenziswa kwezikigi, nokulahlwa kwalokhu.

## Amanzi kanye nezakhiwo ezisetshenziswa uwena:

- Kufanele kube namanzi anele ahlanzekile okuphuza nokugeza izandla.
- Kufanele kube nompompi, isitsha samanzi noma okufanayo kokugeza izandla emanzini ahambayo, okuvumelana nokuqhelelana.


## Izimfonyo:

- Wonke umsebenzi kufanele abe nezimfonyo ezimbili zendwangu eziwashekayo.
- Indawo yakho kufanele ibe nezimfonyo ezihlanzekile ezengeziwe (eyodwa kubantwana abayi-10) ezizosebenza uma kwenzeka ingane iba nezimpawu zeCOVID-19.

## Izinto zokuhlanya:

- Kufanele kube namaphepha asendlini yangasese anele (ahlukanisiwe) ukusula amakhala ezingane.
- Kufanele kube nensipho eyanele, izibulali magciwane, izinto zokuhlanya ezifana ne-bleach noma izibulali magciwane, izindwangu kanye namabhulashi okuhlanya.

**Qhaphela:** Izibulali magciwane zezandla kanye nezinto zokuhlanya kufanele zibekwe lapho abantwana begafinyeleli khona, futhi zibhalwe ngokucacile ngemisebenzi yazo.



# Inqubo yokuzihlola

Inqubo yokusebenza ejwayelekile nemihlahlandlela yeDSD mayelana neCOVID-19 iyatholakala kwi-website yomnyango: <https://www.dsd.gov.za> noma ehhovisi eliseduze leDSD.

Ifomu lokuzihlola lingagcwaliswa la:

<https://tinyurl.com/yd2dluv2>

Noma litholakale ulihambisa ehhovisi leDSD eliseduze. Uma ungalihambisi wena lelifomu, qinisekisa ukuthi okuhambiselayo unobufakazi bokuthi uvumelekile ukukwenzela wena noma inkulisa noma indawo yokunakekela abantwana yakho.

**Ngomhlaka 10 ku...uNgqongqoshe wezokuthuthukiswa komphakathi waqinisekisa ukuthi umnyango uzoqhubeka uxhasa izinkulisa ezidinga usizo kulesikhathi senhlekelele kazwelonke.**

Imali ekhokhelwa izinkulisa umnyango ngonyaka ingama bhiliyoni angu R3.1, iqondiswe ezikhungweni eziyizinkulisa, ikakhulukazi emiphakathini entulayo.

Building a Caring Society Together.



social development

Department:  
Social Development  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



sassa  
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY



HLALAY  
UPHEPHILE  
VIKELA ISEWULA AFRIKA  
NGOKUBAMBISANA SINGAYIHLULA I-CORONAVIRUS